**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULWA KOHLELO LUKAZIBAMBELE KUMASIPALA WASEMNAMBITHI MHLAKA 15 MARCH 2011.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yabeNtungwa;
Amakhosi aseNdlunkulu;
Imeya yoMkhandlu waseMnambithi;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zeminyango kuhlanganisa nezikaMasipala;
Amalungu ezinhlaka zonke ezimeleleke lapha kuhlanganisa noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Mangithathe leli thuba ngibonge kinina mphakathi walapha eMnambithi ngokungimema ukuba nami ngibe yingxenye yokuqopheka komlando ezimpilweni zabantu bale ndawo. Namhlanje usuku oluthi sithi halala kubantu baseMnambithi ngokuba nalobuholi bukamasipala.

Njengoba ngihleli laphaya phansi bengicabanga nje ngithi hhawu, kusaphele inyanga eyodwa uMongameli wezwe uMsholozi ethule inkulumo yesizwe mhlaka 10 February kodwa lapha abantu sebeqala ukubona ngamehlo ukwenzeka kwezinto. Phela phakathi kwezinto azibalile enkulumweni yakhe uMongameli kube uhlelo lokulungisa imigwaqo, olubizwa nge-Zibambele, athe seluzosatshalaliswa izwe lonke kulo nyaka luvule amathuba emisebenzi. Lolu hlelo luyingxenye yohlelo lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP) uMsholozi athe kumele lwakhe amathuba emisebenzi abalelwa ku-4, 5 million.

Njengesifundazwe futhi siyaziqhenya ngokuba yisibonelo esihle kuzelonke uma kukhulunywa ngemisebenzi ye-EPWP. UMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi kuzwelonke uhlale ukhipha imiklomelo ebizwa ngamaKamoso Awards minyaka esihlale sizidlela amahlanga KwaZulu-Natal.

UMongameli uphinde wagcizelela futhi ukuthi unyaka ka-2011 kumele kube ngunyaka wokwakha amathuba emisebenzi ngokufaka izinhlelo ezizoguqula isimo somnotho kubantu bakithi. Uthe yonke iminyango kaHulumeni ngisho nohulumeni basekhaya imbala kumele izinhlelo zabo zibhekelele ukudaleka kwamathuba emisebenzi.

Yikona konke-ke lokhu okusenza sithi siyawubonga umasipala walapha eMnambithi ngokusabela ngokushesha kangaka emva kokuba uMongameli ehlabe ikhwela ngale ndlela. Siyazi ukuthi nakuba uhlelo lukaZibambele olwethulwa lapha namhlanje seluneminyaka eminingi luqhutshwa eMnyangweni wezokuThutha, kodwa basebaningi kabi abantu bakithi abadinga ukulekelelwa ngalo ukuze baxoshe ikati eziko.

Siyazi futhi ukuthi ukuqala kwenu uZibambele lapha kulandela uhlelo lukaSiyazenzela eniluqale ngempumelelo ngokubambisana noMnyango wezokuThutha. Ngizwile ukuthi ngemuva kweminyaka emibili lwaqala lolu hlelo lokuqoqa imfucuza kulo masipala umehluko usuyabonakala. Yingakho sihlale sisho kulo Hulumeni oholwa nguMsholozi kuzwelonke noKhabazela kulesifundazwe ukuthi ngokubambisana sizohlale senza okuningi.

Okuhle ngalezi zinhlelo ngukuthi uma ukhuluma ngokuqashwa komuntu usuke ungasho yena uqobo kodwa usuke ukhuluma ngomndeni wakhe. Lapha nje uma sikhuluma ngosonkontileka bakaZibambele abangu-150 abazothola amathuba, sichaza ukuthi imindeni engu-150 esizokwazi ukubeka isinkwa etafuleni. Uma sithi uMnyango wezokuThutha usuqashe oZibambele abangu-40 000, nalapho futhi sichaza ukuthi imindeni eyileso sibalo engasalali nezisu zikhala.

Mangikuveze futhi ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal yiwona onikwe nguHulumeni wesifundazwe umsebenzi wokubhekela uhlelo lwe-EPWP esifundazweni. Yingakho ekupheleni kwenyanga mhlaka 29 uma sengethula isabelo-mali ngizomemezela isamba semali esibekwe eceleni ukubhekana nokudalwa kwamathuba emisebenzi kulolu hlelo ezindaweni ezifana nayo lena esikuyo.

Esikucelayo nje nesifuna ukukugcizelela kwabaphethe lezi zinhlelo ukuthi inkohlakalo nokukhwabanisa ngeke sikubekezelele nakancane. Kumele nazi ukuthi ukuntshontshela abampofu kuwumhobholo esingeke siwubekezelele nhlobo. Izinhlelo ezinjengalezi zinemigomo ethi abantu kumele bakhethwe ngokwezinga lobuphofu emiphakathini yabo, hhayi ukuthi kuhlomule osibanibani kuphela ngoba baziwa ngubani.

Mphathi wohlelo, uMnyango wezokuThutha uphinda ube semkhankasweni wokuqinisekisa ukuthi imigwaqo engenela ezakhiweni zemiphakathi iyahambeka. Sikhuluma nje ezindaweni eziningi esihamba kuzona siyaye sinxuse omasipala ukuthi basebenzisane nathi uma behlela ingqalasizinda yezokuthutha ukuze senze lokhu okuthiwa i-Intergrated Planning, okusho ukuhlelela intuthuko sindawonye – uHulumeni wesifundazwe nowasekhaya.

Isibonelo nje, eminye imigwaqo yomasipala ayihleleki kahle ngenxa yokungabikhona konjiniyela abenele nabanolwazi olufanele ekuhlelweni kwemigwaqo. Kokunye uthola sekudingeka kungenelele thina njengoMnyango silungise umgwaqo esasingeyona ingxenye yokuhlelwa kwawo.

Kuyintokozo-ke ukuthi namhlanje nani mphakathi walapha nibe yingxenye yalolu hlelo lwethu lokwenza ngcono imigwaqo exhumanisa imiphakathi. NjengoMnyango sesizibophezele ekulungiseni umgwaqo u-D343 Extension ongu-5,6 km. Sithi i-Extension ngoba uxhuma kovele ukhona uD343. Imali esiyifake kulo msebenzi ingu-R5,7 million.

Umgomo wethu uyaziwa-ke ukuthi njalo uma siletha imisebenzi enjengalena sisuke sivula namathuba emisebenzi kubantu bendawo. Nalapha-ke sifuna abantu beNkosi yalapha kube yibona abathola

amathuba emisebenzi. Uma kunempahla yokwakha umgwaqo etholakalayo endaweni kumele ithengwe khona futhi kosomabhinisi bendawo.

Konke lokhu sikwenza ngoba njengoHulumeni siyakuqonda ukuthi umgwaqo uyinto eyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unawo. Nina-ke nikwazi kahle lokho njengoba senike nakuzwa isikhathi eside ukushaywa indiva ngohulumeni bakudala ababenganinakile.

Manje, esikucela kubantu bakithi ngukuthi basibekezelele. Ningavumeli ukuthi kube nabantu abanifaka umoya omubi banenze ukuthi nilahlekelwe yithemba. Ningakhohlwa ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda

Okunye futhi phela ngukuthi ezinye zezinselelo ezibhekene neKwaZulu-Natali kudingeke zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni. Kodwa okungenani eminyakeni eyisithupha nje, njengoba sisho nje, abantu bakithi sebephumela obala basho ukuthi sebeyalubona uguquko ezimpilweni zabo ngenxa yezinhlelo zentuthuko ezilethwa uHulumeni wentando yeningi.

Yingakho-ke uthola ukuthi emalini ebalelwa ku-R216,5 million esiyifake ekwakheni nokugcina imigwaqo isesimweni esifundeni sasoThukela kule minyaka yezimali u-2010/2011 no-2011/12, ingxenye eningi yayo ingene ezindaweni zasemakhaya.

Masiphinde sithathe leli thuba siwubongele umphakathi walapha eNkosini yaKwaKhumalo okuyiwona ozohlomula kakhulu ngalo mgwaqo bese kuba yimiphakathi yakwamanye amakhosi ezohlomula ohlelweni lukaZibambele.

**Ngiyabonga**